**UMHLAHLANDLELA WOKUMAKA:**

- Ohlolwayo akufanele aphendule imibuzo engaphezulu kowodwa ngohlobo olufanayo lombhalo.

- Uma umfundi enikeze izimpendulo ezimbili, maka eyokuqala bese ungayinaki elandelayo.

- Uma izinombolo zezimpendulo zingahleliwe ngendlela efanele, maka ngokwememo.

- Uma iphutha lesipelingi liphazamisa umqondo, ayingamukelwa leyo mpendulo. Uma lingawuphazamisi umqondo, ayamukelwe impendulo.

- Uma ohlolwayo engabasebenzisi onokucaphuna lapho kuthiwe akacaphune khona, ungamjezisi ngalokho.

- Emibuzweni evulekile, akunganikwa mamaki ngoYEBO/CHA noma NGIYAVUMA/ANGIVUMI. Kanjalo futhi akukho mamaki okumele anikezwe ngoYIQINISO/AKULONA IQINISO noma UMBONO/IQINISO. Kumele kugxilwe kulokhu okwesekelwa ngakho impendulo.

**ISIQEPHU A: INOVELI**

**UMBUZO 1: *ITHEMBA LAMI* – LF Mathenjwa**

**ISIQESHANA A**

1.1 Wayinikeza amabhodlela amabili omuthi wentando.√ (1)

1.2 Wayebona ukuthi inkinga yakhe isizoxazululeka.√√ (2)

1.3 Umusho OWODWA kwalandelayo:
"Hhayi, kodwa buyanihlupha ubushimane benu kanina ngoba bugcina sebufundise nathi ukuthakatha." √√/
'Uma kungewona owokubulala hleze ngingazama, nakhona sengihlulwa yikho nje ukuthi ungukanina kodwa kungenjalo bengingeke mpela mpela ngavuma.'√√ (2)

1.4 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Yize babemkhokhele imali eshisiwe uNonkamfela kodwa akuyanga ngamagama enkehli, wehluleka wancama ukwelapha uSandanezwe.√/
- UNonkamfela wayalela uSandanezwe ukuba aphindele ekhaya yize kwakubonakala ukuthi usabambekile.√/
- Ngesikhathi uNonkamfela exosha uSandanezwe waqamba amanga wathi yidlozi lakubo elivalile elingavumi ukuthi bamsebenze noma bamlaphe ngempumelelo, wamyalela ukuba ahambe ayoshweleza kwabaphansi kubo.√/
- Into eyayenza ukuthi uMzulazula angagculiseki ukuthi uNonkamfela akazivezanga zonke lezi zinkinga esaqala nje ukumelapha uSandanezwe.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

1.5 USiwela nguye owathatha uSandanezwe ngemoto wamyisa enyangeni yakwaCeza.√√ (2)

1.6 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Wameshela. √/
- Wazama ukunyundela uSandanezwe kuNokulindela.√/
- Waya kofuna umuthi wentando enyangeni yakhe uMzungezi.√/
- Wacela ukanina wakhe uNomgedla ukuba amsize ngokufakela uNokulindela umuthi.√ (2)

1.7 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Wayekhuluma kabi ngoSandanezwe entombini yakhe uNokulindela.√/
- Wahlekisa ngokugula kukaSandanezwe, wacula ngaye ngesikhathi ehamba nezinsizwa zangakubo.√/
- Wayedumisa indaba yokuthi uSandanezwe uphethwe yingculaza.√/
- Wasebenzisa umuthi wentando ukuze athandwe nguNokulindela, wakwenza lokhu yize intombi yayisikhombisile ukuthi ayimthandi.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

1.8 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:

- UNdebele waqala ngokumhlolela kuqala uSandanezwe ngaphambi kokuba aqale izinhlelo zokumelapha, uNonkamfela wahlola umzimba kaSandanezwe ngamehlo enyama wayesemtshela lokho akucabangayo.√/
- UNdebele wasebenzisa umthandazo neziwasho ngesikhathi elapha uSandanezwe, kanti uNonkamfela wayemnikeza imithi, emgcaba umzimba wonke, emnika umuthi wokuchatha nowokuphuza √/
- UNdebele wanikeza uSandanezwe insonto okwathiwa makayigabe okhalweni, nokuyiyona eyayizoxosha imimoya emibi. Le nsonto lena yayinamandla amakhulu, ibhilwe ngamafutha esadawane. Kanti uNonkamfela wayezolanda imithi yakhe ePutukezi naseMampondweni futhi imithi yakhe yayidinga nokuthi kutholakale isitho somuntu wesifazane sangasese.√/
- UNdebele wanikeza uSandanezwe izinto ayekholelwa ukuthi zizomsindisa wabe esemdedela ukuba aphindele ekhaya. Ngakolunye uhlangothi uSandanezwe wayehlala emzini kaNonkamfela ngesikhathi elashwa yile nyanga. √/
- UNdebele wabiza imali encane, kanti uNonkamfela wayefuna imali enkulu ngoba uSandanezwe wayehlala kwakhe.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (3)

1.9 Yebo kuliqiniso ngoba...

Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Ngesikhathi egula wayezikhokhela yena izindleko zokulashwa kwakhe.√/
- Imali yakhe wayeyibekelwa nguyise aphinde amthengele nezinkomo.√/
- USandanezwe wakhokha ingxenye yezindleko zokulashwa kukaNokulindela.√/
- Watshela inyanga ukuthi imali kuyena ayisiyona inkinga. √ (2)

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi)

1.10 Izimpendulo ziyokwehluka

**Abavumayo bayothi...**

Yebo kungenzeka:

Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Izinyanga zinawo lo mkhuba omubi wokudlala ngabantu abagulayo zibatshele ukuthi zona zilapha yonke inhlobo yesifo kanti azazi lutho.√/
- Kukhona izifo ezingeke zilashwe / ezingalapheki ngemithi yesiZulu ezifuna umuntu ayothola usizo kodokotela. √/
- Kwesinye isikhathi izinyanga zisuke zesaba ukuthi ukushonela komuntu emzini wazo kuzozibangela amabhadi, kuphuphe imithi yazo, yingakho-ke ziye zibone kungcono ukumphindisela kubo ayoshonela khona.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi)

**Abaphikayo bayothi**...

Cha ngeke kwenzeke:

- Isiguli singagcizelela ukuthi kumele selashwe size sisinde ngoba kade sesikhokhile. √/
- Kungenzeka afune ukuhlala aze agculiseke ukuthi usezame ngayo yonke indlela ukuvumela lowo omlaphayo amsize. √/
- Kungenzeka athi esalashwa bese lowo omlaphayo ethola elinye ikhambi elingcono elizomsiza. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

**KANYE**

## ISIQESHANA B

1.11 Umama wakhe.√ (1)

1.12 Umuzwa wokudideka√/Umuzwa wokuxakeka√ (1)

1.13 Khongela. √ (1)

1.14 Intambo yasokhalweni.√ (1)

1.15.1 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Izigameko kule noveli zihleleke kahle ukusuka kwezincane kuze kufike kwezinkulu.√/
- Izigameko ezibalulekile zihambisana nemixhantela yezinkinga okuyizona ezikhulisa udweshu endabeni.√/
- Izigameko kule noveli yizona ezibhebhethekisa inkinga yomlingiswa omkhulu onguSandanezwe.√/
- Lezi zigameko azithinti uSandanezwe kuphela kodwa zihlukumeza wonke umndeni wakubo.√/
- Izigameko ziqala ekuqaleni kwendaba, zikhule ziye kuvuthondaba, zize kupholavuthondaba, zigcine ekupheleni kwendaba. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

1.15.2 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Abantu besilisa kumele bathembeke kwezothando ukuze bagweme izifo njengoba uSandanezwe wasebenza eThekwini wathandana nabantu besifazane abaningi wagcina esegula. √/
- Kumele sikwamukele ukuthi akuzona zonke izifo ezingalashwa yizinyanga, kukhona ezidinga odokotela. √/
- Kuyasiza ukuthi umuntu asheshe asemukele isifo esimphethe bese efuna usizo oluqondene nqqo nalokho kufa okumphethe, uSandanezwe wayengafuni ukwamukela ukuthi uphethwe yingculazi. √/
- Abantu besilisa kumele bamukele uma abesifazane bengasemukeli isicelo sabo sothando njengoba uZabalaza wehluleka ukwemukela ukuthi uNokulindela akamthandi.√/
- Ukungazi kungasiholela ezintweni eziyingozi.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

1.16 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Kule noveli abalingiswa ababaningi lokhu kwenza ukuthi indaba ilandeleke kahle. √/
- Kule noveli wonke umlingiswa kucace bha ukuthi iyiphi indima ayidlalayo ekuthuthukiseni indaba. √/
- Umlingiswa osemqoka akayedwa kule ndaba, kukhona nabanye abalingiswa ababalulekile abadlala indima yokulekelela noma ukuphazamisa umlingiswa omkhulu. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

1.17 Kwaba yisenzo esihle:

- UNokulindela wayengenaye udadewabo ayengaxoxa naye izinkinga zothando ngakho-ke kwakumele aluxoxe nomngane wakhe lolu daba.√/
- Ukuxoxa noSebenzile kwamsiza ngoba wamkhuthaza wamnika nezaluleko ezakhayo.√/
- Kwakungelula kuNokulindela ukuthi axoxele unina ngalolu daba ngakho-ke kwakumele ukuthi athole omunye umuntu amethembayo angabonisana naye.√/
- Kwabasiza bobabili ukuxoxa ngale nkinga ngoba naye uSebenzile wayenenkinga ecishe ifane nekaNokulindela.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

1.18 Izimpendulo ziyokwehluka.
**Abathi kufanele bayothi....**
Kufanele abathandazi bashaye/balume iziguli.
Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:

- Kungenzeka ukuthi umoya ogulisa umuntu udinga ukukhishwa ngokusatshiswa noma ngolaka.√/
- Kunenkolelo yokuthi ukuze asinde lowo ogulayo, kufanele umoya omubi uphume emzimbeni wakhe. √/
- Ukwelapha ngokushaya lowo ogulayo, kwamukelekile kwezinye izinkolo.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi)

**Abathi akufanele bayothi....**
Akufanele abathandazi bashaye/balume iziguli.
Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:

- Kungenzeka umuntu ogulayo ashayeke endaweni ebucayi bese eyashona.√/
- Ukushaya/ ukuluma umuntu akuhambisani nemithetho yenkolo/ yokukholwa.√/
- Abantu abasuke beze enkonzweni kumele bahlonishwe futhi banikezwe nesithunzi esibafanele.√/
- Kungamehlisa isithunzi ubaba/umama uma ezoshaywa/alunywe phambi kwezingane zakhe nabazalwane.√/
- Lesi senzo asiphephile ngoba kungenzeka umthandazi athole isifo noma athelele isiguli ngesifo esithile ngesikhathi esiluma.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (3)
**[35]**

**NOMA**

**UMBUZO 2: *KUSINDA KWEHLELA ENDODENI* – SJ Mchunu**

**ISIQESHANA C**

2.1 Wayengabhaliwe encwadini yefa eyayishiywe nguNtombela. √ (1)

2.2 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Umndeni kaNtombela wawufuna ukuyongcwaba emakhaya yena wamngcwaba edolobheni ngenkani. √√/
- Babengamcelanga ukuthi angcwabe uNtombela ngezimali zakhe. √√/
- Ngesikhathi befika eGoli wakhombisa ukubabukela phansi wababiza ngamabhinca. √√ (2)

2.3 Wangcwatshwa emzini wakhe uNtombela, kwagcwala bonke abantu bendawo/Kwakhalwa kwanjeya. √√ (2)

2.4 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- UFanyana wavumela uMaNene ukuthi abize umama wakhe ngenuku esikhundleni sokumwashela. √/
- UFanyana wathula wangakhuza ngesikhathi uMaNene encisha uMaNdlovu ukudla. √/
- Ngesikhathi umama wakhe eselahlekile nguye uFanyana owayehla enyuka emfuna uMaNene ezipholele nje engakhombisi ukuthinteka kule ndaba. √/
- Umakhelwane wayekholelwa ukuthi kwakufanele kube nguMaNene oweza kuye wazokhuluma naye ngoba bangabantu besifazane bobabili. √ (2)

2.5 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Zamfundisa idolobha laseGoli njengoba wayengakaze aye khona. √√/
- Zamnika indawo yokuhlala ehositela ngenkathi engakasebenzi. √√/
- Enye yezinsizwa zangakubo yamthatha yayomfaka emsebenzini wasemayini. √√/
- Emva kokuyeka umsebenzi wasemayini watholelwa enye insizwa yangakubo umsebenzi wasefemini. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

2.6
- UMaNdlovu wayelima amasimu ommbila, ubhontshisi kanye namathanga . √
- Wayesika izidwaba azidayise emholweni. √ (2)

2.7 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Unkosikazi kaMjwayeli wayencisha ubabezala wakhe ukudla. √/
- Wayengamlungiseli uManyoba izimpahla zokugqoka emyekela agqoke izingubo ezishwabene. √/
- Unkosikazi kaMjwayeli wayengakucabangi ukuthi uManyoba wayehla enyuka, ewa evuka elala engadlile efundisa amadodana akhe, kwakungekuhle ukuthi azithole esehlukunyezwa ngalolu hlobo. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

2.8
- UNgobese watshela uManyoba ukuthi usezokuba nezitha njengoba esekhushulelwe esikhundleni esiphezulu. NoDoda wamtshela ukuthi abantu abafika kuqala kunaye emsebenzini sebezomzonda ngenxa yalesi sikhundla sakhe esisha.√/
- UNgobese waphinda wamxwayisa ngokuthi abanye abantu bazomkhipha inyumbazane bamnyundele nakubelungu. UDoda watshela uManyoba ukuthi abanye abantu bazogcina sebengamkhulumisi. √/
- UNgobese wamtshela ukuthi abanye abantu bazombuza ukuthi yini le ayenzile aze akhushulelwe esikhundleni ngokushesha okungaka. Ngakolunye uhlangothi uDoda wamtshela ukuthi abantu abadala efemini abakuthandi ukuphathwa umuntu osanda kufika. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (3)

2.9 Yebo wehluleka ngoba...
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- UManyoba wasebenza kanzima engakwazi ngisho ukuzijabulisa ngoba imali eningi wayeyithumela ekhaya. √/
- Ngesikhathi esethathe umhlalaphansi uManyoba wayengasakwazi ukuzondla yena nonkosikazi wakhe. √/
- Imali ayeyisebenza wafundisa izingane zakhe ngayo yonke ngoba enethemba lokuthi zazizomnakekela lapho esephelelwa amandla okusebenza. √/
- Baze baphoqeka ukuba bayohlala namadodana abo ngokwehlukana ngoba base bephelelwe yimali. √ (2)

2.10 Izimpendulo ziyokwehluka.
**Abavumayo bayothi ...**

Yebo kungenzeka:
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Ezindaweni zasemakhaya ezikude namadolobha amakhulu abantu basaqhubeka nezinto ezihlukumeza amalungelo abantu besifazane. √/
- Kweminye imindeni bavele babone sengathi ukuchitha imali ukufundisa intombazane ngoba izohamba iyogana. √/
- Kwezinye izindawo zasemakhaya amantombazane ayathwalwa aganiswe ngenkani bese elahlekelwa yithuba lokufunda. √/
- Eminye imindeni igqugquzela ukuthi izingane zigane amadoda amadala anemali ngoba befuna ukuzicebisa bona ngemali yelobolo. √/
- Izingane zamantombazane ziyantshontshwa bese zenziwa izigqila zocansi lokhu kwenza ukuthi zilahlekelwe yithuba lokufunda. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi)

**Abaphikayo bayothi …**

Cha ngeke kwenzeke:
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- UMthethosisekelo wakuleli zwe ukubeka ngokusobala ukuthi kuphoqelekile ukuba zonke izingane ziye kofunda esikoleni, awuvumeli ukucwaswa kwazo ngokobulili. √/
- UMthethosisekelo wakuleli ubuye ucacise ukuthi umzali ongavumeli ingane yakhe ukuba iyofunda noma ngabe eyabuphi ubulili angathweswa icala. √/
- Ukuba khona kwemfundo yamahhala ezikoleni zamabanga aphansi kwenza izingane noma ngabe ezabuphi ubulili ziphoqeleke ukuba zifunde. √/
- UHulumeni usenika abesifazane abafundile amathuba amaningi omsebenzi kanye nezikhundla ababengenazo phambilini. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA D**

2.11 Uninalume /umalume wabafana. √ (1)

2.12 Umuzwa womunyu √/ wosizi.√ (1)

2.13 eGoli.√ (1)

2.14 Umakoti √/Umuntu wesifazane oshade nendodana yakho. √ (1)

2.15.1 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Izigameko kule noveli zihleleke kahle ukusuka kwezincane kuze kufike kwezinkulu.√/
- Izigameko ezibalulekile zihambisana nemixhantela yezinkinga okuyizona ezikhulisa udweshu endabeni.√/
- Izigameko kule noveli yizona ezibhebhethekisa inkinga yomlingiswa omkhulu onguManyoba.√/
- Lezi zigameko azithinti uManyoba kuphela kodwa zihlukumeza wonke umndeni wakubo. √/
- Ekugcineni yizo izigameko ezisiholela esixazululweni senkinga kaManyoba.√/
- Izigameko ziqala ekuqaleni kwendaba , zikhule ziye kuvuthondaba, zize kupholavuthondaba, zigcine ekupheleni kwendaba. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

2.15.2 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Abantu uma besasebenza kuhle bazibekele imali yabo yomhlalaphansi ukuze bangahlupheki uma sebebadala njengoba uManyoba wehluleka ukubeka imali yomhlalaphansi wagcina esehlupheka. √/
- Kumele umuntu angalibali ukubalisa ngosizi lwakhe kodwa asukume avuke azithathe enze imizamo yokushintsha impilo. UManyoba wayehlupheka ngesikhathi esebenza epulazini wabona kungcono ukuthi eqe ayothola umsebenzi ongcono eGoli. √/
- Umuntu okhule engalitholanga ithuba lokufunda angafunda esemdala ezikoleni zabadala ukuze azithuthukise njengoba kwenza uManyoba. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

2.16 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Kule noveli abalingiswa ababaningi lokhu kwenza ukuthi indaba ilandeleke kahle. √/
- Kule noveli wonke umlingiswa kucace bha ukuthi iyiphi indima ayidlalayo ekuthuthukiseni indaba. √/
- Umlingiswa osemqoka akayedwa kule ndaba, kukhona nabanye abalingiswa ababalulekile abadlala indima yokulekelela noma ukuphazamisa umlingiswa omkhulu. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

2.17 Kwaba yisenzo esihle ngoba:

- Wabathatha wabayisa emzini wakhe, balala khona. √/
- Wabaluleka ngendawo yakwaSizabantu kwaMaphumulo nakuba bengabange besaya. √/
- Wabathengela izingubo ezintsha wabuye wabanika nemali. √/
- Bathola ithuba lokubuyela emzini wabo. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

2.18 Izimpendulo ziyokwehluka.

**Yebo, kufanele ...**

Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:

- Ilobolo yisiko lesintu umakoti uma ezogana usuke eze emndenini wonke ngakho-ke kuyalekelelwana. √/
- Kuyenzeka emndenini uthole ukuthi umfana usanda kuqala ukusebenza kodwa unesifiso sokusheshe aganwe yingakho-ke kubalulekile ukuthi umndeni umxhase. √/
- Uma umnumzane enezinkomo eziningi zoboya angaziphungula ngokulobolela amadodana akhe ngaphandle kokungena ezindlekweni ezinkulu.√/
- Ubaba wekhaya usuke esiza ngoba efuna ukuthi isibongo salapho ekhaya singapheli. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi)

**Cha, akufanele ...**

Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:

- Akuwona umsebenzi wakhe ukuyenzela izinto noma isindala isisebenza isinawo amandla okuzenzela.√/
- Kwesinye isikhathi abesilisa abakwazi ukuphatha kahle amakhosikazi abo uma bengazilobolelanga.√/
- Ingane eyenzelwa yonke into ivamise ukuhluleka uma sekufanele izenzele.√/
- Izingane kufanele zikhuthazwe ukuzenzela ngoba izinga lempilo kulesi sikhathi samanje liphezulu. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (3)

**[35]**

**NOMA**

**UMBUZO 3**

***UMSHADO* – N Zulu**

**ISIQESHANA E**

3.1 Wayejatshuliswa ukuthi useke walithola ithutshana lokuxoxa noTholakele. √ (1)

3.2 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- UTholakele ungumfelokazi. √√/
- Bayamfuna uTholakele abafowabo bomkhwenyana wakhe osewashona. √√/
- Uma uBhekani ezisondeza kuTholakele uzongena enkingeni. √√ (2)

3.3 Wathula uBheki amathe abuyela kwasifuba. √√ (2)

3.4 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Isibhamu ayesethenjiswe uJazibomvu wathola ukuthi sasingaphilile neze. √/
- Wehluleka ukusisebenzisa yize basebemkhombisile ukuthi sisetshenziswa kanjani. √/
- Wabuye wabona ukuthi kwakuzoba nzima ukufihlela uTholakele isibhamu uma esesithengile. √ (2)

3.5 OKUKODWA kwalokhu:

- Bafika bezolamula ngesikhathi uBhekani elwa noBhatomu. √√/
- Amadoda axosha uBhatomu. √√ (2)

3.6 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Baboleka imali eyizinkungwane ezintathu kuye bangayibuyisa. √/
- Ngesikhathi uBhekani elobola bambiza kakhulu ngoba befuna ukuzithathela bona imali. √/
- UZenze wafika kubo kaBhekani wazenza umuntu othunywe abakubo kaTholakela watshela uBhekani ukuthi kuzomele agcwalisele ngezinkulungwane ezimbili emalini yelobolo.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

3.7 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Wayezicabangela yena ngoba wayefuna ukungena uTholakele ngenkani engenandaba nemizwa yakhe. √/
- Wayenenhliziyo embi ngoba simthola elwisana noBhekani njalo uma behlangana. √/
- Kuthiwa uBhatomu uma efike eNyawushane wayehamba eselwe nabantu abaningi. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

3.8 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:

- Ngesikhathi efika okokuqala wayezoxolisa ngephutha alenza efuna babuyelane noBhekani, esebuya okwesibili wayezotshela uBhekani ukuthi ukhulelwe ingane yakhe. √/
- Ngesikhathi efike okokuqala izinto zahamba kahle ngoba bahlala kahle noBhekani, esebuya okwesibili wayekhala, ekhathazekile emva kokuthola izindaba zokuthi uBhekani wenza amalungiselelo okushada noTholakele. √/
- Ngesikhathi efike okokuqala wahlala izinsukwana impela kubo kaBhekani waze waphoxwa ukuthathwa yimoto ebomvu yamgodukisa, esebuya okwesibili izinto azihambanga kahle ngoba kwafika uTholakele ezolanda uBhekani kwase kumcacela ukuthi indaba yakhe ayisekho wavuka ngakusasa wabhekisa amabombo kubo. √/
- Ngesikhathi efika okokuqala wayephathele umama kaBhekani izimpahla kanti ngesikhathi esefika okwesibili wayengaphethe lutho. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (3)

3.9 Kwaba yisibusiso ngoba:
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Wayezophila kabuhlungu impilo yakhe yonke ukuba washada noTholakele.√/
- Wayezohlazeka emphakathini uma sekutholakala ukuthi ushade nesigebengu esidayisa izidakamizwa.√/
- Kwaba yisibusiso ngoba ukuba washada noTholakele umndeni wakhe wawuzohlukana phakathi kuphele nya ukuzwana. √/
- Wayengeke akuthole ukuphumula ngenxa kaBhatomu, impilo yakhe yayizohlala isengozini. √/
- Wayezohlushwa ngamaphoyisa emzini wakhe ezofuna isigebengu lesi esinguTholakele.

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

3.10 Izimpendulo ziyokwehluka.
**Abathi kungenzeka bayothi**:
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Ezindaweni zasemakhaya abantu besifazane abakakhululeki ngokuphelele ngakho-ke kulula ukubaphoqelela ngamasiko abacindezelayo. √/
- Abanye abantu besifazane abakwazi ukuzimela ngokugcwele, futhi abasebenzi imisebenzi ehloniphekile lokhu kwenza ukuthi kube lula ukufunzwa izinto ngenkani ngisho bengahambisani nazo. √/
- Abanye abantu besifazane abawaqondi kahle hle amalungelo abo ngakho-ke kuba lula ukuthi imindeni ibaphoqelele ngesiko lokungena. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi)

**Abathi ngeke kwenzeke bayothi**:
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Sesiphila esikhathini sentando yeningi lapho abantu besifazane benamalungelo okunqaba uma into bengayifuni ngakho-ke kunzima ukuthi leli siko lingenzeka esikhathini samanje. √/
- Abantu abamnyama abahlala emadolobheni abasawalandeli kakhulu amasiko ngakho-ke kwalona leli lokungena abalishayi mkhuba ezindaweni zasemadolobheni. √/
- Siphila esikhathini lapho kukhona abantu besifazane abazimele abafundile abangazimisele ngokucindezelwa ngamasiko. √/
- Abanye abantu besifazane abalifuni leli siko ngoba basaba ukuthi kungaba lula ukuthola izifo kulabo bantu abasuke bezobangena. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA F**

3.11 Ubaba kaTholakele √ (1)

3.12 Umuzwa wokucasuka. √ (1)

3.13 Nyawushane. √ (1)

3.14 Ukuhamba kodwa ungathandi √/ ukuhamba kancane ungenawo umdlandla. √/ ukuhambisa okomuntu ophelelwe yithemba. √ (1)

3.15.1 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Izigameko kule noveli zihleleke kahle ukusuka kwezincane kuze kufike kwezinkulu. √/
- Izigameko ezibalulekile zihambisana nemixhantela yezinkinga okuyizona ezikhulisa udweshu endabeni. √/
- Izigameko kule noveli yizona ezibhebhethekisa inkinga yomlingiswa omkhulu onguBhekani. √/
- Lezi zigameko azithinti uBhekani kuphela kodwa zihlukumeza wonke umndeni wakubo. √/
- Izigameko ziqala ekuqaleni kwendaba, zikhule ziye kuvuthondaba, zize kupholavuthondaba, zigcine ekupheleni kwendaba. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

3.15.2 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Kuhle ukulalela uma abantu bekukhuza noma bekuxwayisa. Bonke abantu ababesondelene noBhekani babemkhuza kodwa yena wangalalela wagcina ehlazekile endaweni yangakubo. √/
- Kumele uthathe isikhathi sakho ngaphambi kokuba ulobole umuntu wesifazane. UBhekani walobola uTholakele besanda kuthandana wahlangana nezimbila zithutha. √/
- Abantu besilisa akumele bathandane nabantu besifazane abaningi ngesikhathi esisodwa. UBhekani kwakufanele athembeke kuLindiwe/kuTholakele. √/
- Abantu besilisa kumele bawuyeke lo mkhuba wabo ongasile wokukhulelisa amantombazane bese bewashiya kanjalo. √/
- Ubugebengu abubuyiseli. UTholakele wenza ubugebengu waboshwa ngosuku lomshado. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

3.16 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Kule noveli abalingiswa ababaningi lokhu kwenza ukuthi indaba ilandeleke kahle. √/
- Kule noveli wonke umlingiswa ufakwe ngoba kunendima ayidlalayo ekuthuthukiseni indaba. √/
- Umlingiswa osemqoka akayedwa kule ndaba, kukhona nabanye abalingiswa ababalulekile abadlala indima yokulekelela noma ukuphazamisa umlingiswa omkhulu. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

3.17 Kwaba yisenzo esihle:
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Ngokwesintu injobo ithungelwa ebandla ngakho-ke kuhle ukuxoxisana nezihlobo zakho uma kunenkinga ekuxakayo. √/
- Umama kaBhekani washonelwa yindoda ngakho-ke wayengenaye umuntu wesilisa omdala angabonisana naye. √/
- Kuyinto ejwayelekile emindenini yabantu abamnyama ukuhlanganisa omalume uma kukhulunywa izindaba zokulobola. √/
- Abantu besilisa abadala bavamise ukuba nolwazi olubanzi mayelana nezinhlelo ezilandelwayo uma kuthunyelwa abakhongi ngakho-ke ubukhona kanye nemibono kamalume kaBhekani yayizoba usizo. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

3.18 Izimpendulo ziyokwehluka.
Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
**Yebo kwakufanele ngoba ...**

- Babeyizithandani ngakho-ke wayenelungelo lokumbona noma ingasiphi isikhathi uBhekani. √/
- Kwakungelona iphutha lakhe ukuthi uBhekani wayengathembekile kwezothando, ngakho-ke kwakungamele avinjwe ubukhona bukaLindiwe ekutheni abonane nesithandwa sakhe. √/
- Ukufika kukaTholakele kwamsiza uLindiwe ukuthi abone ukuthi inhliziyo kaBhekani seyathathwa abanye. √

**Cha kwakungafanele ngoba ...**

- Ukufika kwakhe kubo kaBhekani kukhona uLindiwe kwakukhombisa ukungamhloniphi nokumbukela phansi. √/
- UBhekani wayenelungelo lokuzikhethela ukuthi uthanda ukuhlala nobani ngalolo suku. √/
- Kwakungadala ingxabano nomsindo kubo kaBhekani ukuba uLindiwe wabhilita wamnqabela uBhekani ukuthi ahambe noTholakele. √/
- Ngesikhathi efika kubokaBhekani, wamphoqa ukuba ahambe nabo ngenkani okuyinto engalungile. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (3)
**[35]**

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 35**

## ISIQEPHU B: UMDLALO

## UMBUZO 4: *ABABULALI BENYATHI* – RM Mngadi

### ISIQESHANA G

4.1 uDuma√ noMbandlwa. √ (2)

4.2 Kumele uHulumeni enze ucwaningo ngosikompilo lwama-Afrika ngaphambi kokushaya umthetho. √√ (2)

4.3 Izizathu EZIMBILI kwezilandelayo:
- Wayengeke abe yinkosikazi yenkosi egcwele ebe efundisa. √/
- Kwakungeke kulunge inkosikazi yenkosi idelelwa yizingane zabafokazana. √/
- Okubi kakhulu-ke ukuthi alawulwe nguthishanhloko ongumfokazana. √ (2)

4.4 NguMaShezi.√ (1)

4.5 Yebo wayengaphumelela ngoba emva kokushona kukaMbandlwa, uDuma wababambisana nenkosi ukuze basebenzisane, balethe intuthuko endaweni. √√ (2)

4.6 C √/Umuntu ongelutho√ (1)

4.7 Kwakunani nje ukuthi bavotise abasemadolobheni kuphela. √√ (2)

4.8 Isigameko ESISODWA kwezilandelayo:
- Ngesikhathi uDuma esesikhumulweni samaphoyisa uSayitsheni wakhuluma naye ngentukuthelo emtshela ukuthi nguye oyimbangela yokufa kwabantu. √√/
- Watshela uMaShezi ngenkathi ezofuna uDuma esiteshini samaphoyisa ukuthi umyeni wakhe akezwa. √√ (2)

4.9 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Kwabulawa uMbandlwa. √/
- Kwashiswa uDlamini nomndeni wakhe wonke. √/
- UDuma wajahwa abantu befuna ukumbulalala waze wafika esiteshini samaphoyisa. √/
- UMaShezi waphindela kubo. √/
- UMaShezi waxabana noMbandlwa.√ (2)

4.10 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
Ukwazile ukufeza imigomo ngoba…
- Siyamthola umlingiswa oqavile esingenisweni, okunguDuma. √/
- Siyayithola nenkinga ayebhekene nayo yokungezwani nenkosi ngoba engafuni ukuthathisa enkosini. √/
- Siyasithola nesizinda ekuqaleni kwendaba ngokwendawo ukuthi le ndaba yenzeka endaweni yasemakhaya. √/
- Siyathola nesizinda sesikhathi esikhombisa ukuthi isikhathi samanje njengoba sekukhona intando yeningi. √/
- Isimo senhlalo asisihle, sikhombisa ukushayisana kusukela ekuqaleni.√ (2)

4.11 Imibono iyokwehluka:

**Abavumayo bayothi …**

- Umuntu okhulele endaweni yasemadolobheni ubona izinto ngendlela ehlukile. UMaShezi wayengakholelwa ezintweni zamasiko nokubusa ngendlela yendabuko. √/
- UMaShezi wayengaqali ukuzwa ngezinguquko ezazishiwo yikhansela, yikho aqale wameseka umyeni wakhe. √/
- Ukubamba iqhaza kwakhe kule politiki yendawo ababehlala kuyona kukhombisa ukuba unomqondo ovulekile nokuthi ungumuntu wesifazane ozimele futhi ongesabi ukubeka imibono yakhe. √/
- Impilo yasedolobheni iyashesha, okwenza abantu bakhona babe nemiqondo esheshayo. Sibona uMaShezi esebona ukuthi isixazululo senkinga ekhona phakathi kwenkosi nekhansela kungaba ukuzehlisa kwekhansela uDuma. √/
- UMaShezi washiya umyeni wakhe waphindela kubo ngesikhathi bengaboni ngaso linye ngendaba yokuya enkosini uShandu. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.)

**Abangavumi bayothi …**

- UMaShezi wakwazi ukuyoxoxisana noMaNgema ukuze kube khona ukuthula endaweni. √/
- Wancenga uDuma ukuthi ayozehlisa enkosini ukuze kudaleke uxolo endaweni. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA H**

4.12 Isizathu ESISODWA kwezilandelayo:

- Wathi akaye emaphoyiseni ayobika ngomhlangano afuna ukuwubiza maqede awacele ukuba afike ngoba kunabantu abangayifuni inqubekela phambili kule ndawo. √/
- Kumele awachazele amaphoyisa nangobungozi balabo bantu. √/
- Lowo mhlangano uyonikeza uDuma amandla ngoba uyonunusela abantu ngezinhlelo ezikhangisayo okufanele zenziwe. √ (1)

4.13 UMaShezi waya emzini wenkosi eyoxoxa noMaNgema ecela ukuba babonisane nenkosi ukuthi ibize uDuma bazoxoxa. Lokhu kwakuzokwenza kube nokuzwana endaweni. √√ (2)

4.14 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Kulo mdlalo uDlamini noMbandlwa ababengamashoshozela bashona. Lokho kwaba nomthelela omuhle emizamweni yokuletha uxolo. √/
- Inkosi uShandu yabhala incwadi lapho eyayibeka khona umhlahlandlela wokuletha uxolo owawuzolandelwa njengoba impilo yayo yayisixega. √/
- Kwaba nokuthula endaweni, inkosi yasebenza ngokubambisana nekhansela. Lokhu kwenza isiphetho salo mdlalo ukuthi sivaleke. √ (2)

4.15 Ezombusazwe/Ezombangazwe. √/
UHulumeni waqala uhlelo lokukhetha amakhansela ngendlela yokuvota ezindaweni zamakhosi. Lokhu kwadala ukushayisana phakathi kwabaholi bendabuko kanye namakhansela. √
(Nokunye okunembayo okusekela indikimba) (2)

4.16 UMfu. Mazongolo nguye owafunda incwadi eyayibhalwe yinkosi uShandu ngesikhathi isesibhedlela, incwadi eyayicacisa ngezifiso zenkosi zokusebenzisana nekhansela ukuletha intuthuko endaweni. √√ (2)

4.17. Inkinga yakhe yaxazululeka ngokuthi uDuma uyena owaxolisa kuqala ngesikhathi inkosi isesesibhedlela. √√ (2)

4.18 Imibono iyokwehluka.
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
**Abakhetha ukubusa ngentando yeningi bayothi:**
- Umholi okhethwa ngentando yeningi ngumholi owaziwa ngezimpawu zobuholi. √/
- Kubhekwa abantu abaziwa ngamava athile emphakathini. √/
- Umholi uma engasenzi kahle bangamkhipha esikhundleni ngokuthi bangamvoteli. √/
- Inkosi ayikhipheki esikhundleni noma yenza amaphutha. √

**Abakhetha ukubusa ngohlelo lwamakhosi bayothi**:
- Inkosi yendawo ingeyendawo, ngakho-ke inothando nendawo yakubo. √/
- Inkosi ebekiwe ingethande ukona umlando womndeni. √/
- Yisipho nawo umndeni owasiphiwa nguMvelingqangi nokhokho bayo. √/
- Akujwayelekile ukuthi kube khona inkosi ebusa ngokwenza inkohlakalo. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

4.19 Imibono iyokwehluka.
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
**Abathi bangakujabulela bayothi:**
- Ngingakujabulela ukubizwa ngegama elihloniphekile emphakathini. √/
- Ngingakuthokozela ukusebenzela umphakathi. √/
- Izingane zami zingaphila impilo ephezulu ngoba ngingabe sengikwazi ukondla umndeni wami. √/
- Ngingakujabulela ukusebenzisana nabanye abaholi emphakathini. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.)

**Abathi ngeke bakujabulele bayothi:**
- Ngeke ngikujabulele ukuhlezi ngibhekene nezinkinga ezilethwa umphakathi kimina. √/
- Ngeke ngikwazi ukuphila ngokukhululeka ngoba impilo yamakhansela ibuye ibe sengozini.√/
- Ngeke ngithande ukwenza umsebenzi wesikhashana obuye uphele bese kudingeka ukuba ngibuye ngiyofuna omunye. √/
- Ngeke ngithande ukungena emibangweni yepolitiki nombangazwe wendawo. √ (2)

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) **[35]**

**NOMA**

**UMBUZO 5: *ICALI KALIBOLI* – VM Mbhele**

**ISIQESHANA I**

5.1
- UmkaMbhele√
- Nengane kaSonto/uZinhle. √ (2)

5.2 Kwakufanele amvakashele azombona ngesikhathi eboshiwe /esejele. √√ (2)

5.3
- Wayefuna uMthofi aboshwe ayobhadla ejele yena asale emafutheni. √
- Wayebalekela ukukhokhela uMthofi imali yakhe. √ (2)

5.4 NguNtshangase.√ (1)

5.5 Umuntu owayebulele uMbhele wayesetholakele okusho ukuthi izimali zikaMbhele ezazizophuma zazizosiza uZinhle. √√
(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

5.6 C/Engenawo umsebenzi √ (1)

5.7 OKUKODWA kwalokhu:
- UMbhele usanda kuphuma ngemoto eyovula ezitolo. √√/
- Wathi angibulale umkaMbhele nje ufuna ukuthi kungene wena emafutheni. √√ (2)

5.8 OKUKODWA kwezilandelayo:
- Wayenesikhundla sokuba nguNobhala ebandleni lakhe. √√/
- Wayengomunye wabantu ababesekomitini lezimali ebandleni. √√/
- Wahambisa umfundisi ngemoto yakhe esontweni. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

5.9
- Wadubula umfundisi ngoba efuna imali.√/
- Wabulalisa uMbhele. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

5.10 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Siyamthola umlingiswa omkhulu esingenisweni sendaba, uSonto. √/
- Siyayithola nenkinga abhekene nayo yokuhlaselwa nguMthofi ezofuna imali yakhe. √/
- Isimo senhlalo siyavela, sihle emndenini banemali. Siyashintsha ngokuphuma kukaMthofi ejele. √/
- Isizinda sesikhathi siyavela, siyabona ukuthi esamanje, uMthofi wangena ephethe isibhamu emzini kaMbhele.√/
- Indawo okwenzeka kuyo indaba isedolobheni, sibona ngohlobo lobugebengu osebenzeka. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

5.11 Imibono iyokwehluka:
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
**Abavumayo bayothi …**

- Umuntu okhulele endaweni yasemadolobheni ubona izinto eziningi ezimvula umqondo, abese eba nolwazi oluthile, olunye kube olobugebengu njengoba kwenza uSonto. √/
- Impilo yasedolobheni iyashesha, okwenza abantu bakhona babe nemiqondo esheshayo, njengoba sibona uSonto enza izenzo zobugebengu ephindelela ukuze athole impumelelo ngokushesha. √/
- USonto ucabanga masishane izindlela ezizomphumelelisa njengokuhlasela uMfundisi ngoba efuna imali. √/
- Baningi kakhulu abantu edolobheni, abaningi abazani. Lokhu kwenza ingabi khona kahle inhlonipho. USonto wayengayihloniphi impilo yomuntu, kwakulula ukubulala kuye. √/
- Imali ibamba elikhulu iqhaza endaweni yasedolobheni, uSonto wayethenga abantu ukuze aqhube izenzo zakhe zobugebengu. √

**Abangavumelani bayothi ...**

- Ukukhulela kwakhe edolobheni kwakungasho ukuthi kumele enze ubugebengu ngoba baningi abantu abangabenzi ubugebengu. √/
- Emadolobheni kunabantu abazihloniphayo nabawuhloniphayo umthetho. √/
- Baningi nabantu abenza ubugebengu bebe behlala emakhaya. √ (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA J**

5.12 Wacela imali kuMbhele ngaphambi kokumtshela ngemikhuba eyenzeka kwakhe, ethi umlomo awuvele ukhulume nje. √/ (1)

5.13 Isizathu ESISODWA kwezilandelayo:

- UDlamini wameluleka ngezinto ezenzeka kwakhe yena engekho. √√/
- Wabona uMthofi eyongena emzini wakhe ngesikhathi ecashe kwaDlamini wakhumbula ukuthi nguye owabulala uMaNtuli. √√/
- Wathi akasamqondi kahle umkakhe, usebona sengathi usezofa/uzombulalisa. √√/
- Wathi kwenzeka izinto eziningi emzini wakhe uSonto angamtsheli ngazo. √√/
- Ukuphambana kosuku uSonto ayethe wayeyobona ngalo uMaMkhize kanti luqondana nosuku adutshulwa ngalo umfundisi. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

5.14 Isiphetho salo mdlalo sivalekile.
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Sibonakele isiphetho senkinga yomlingiswa oqavile. √/
- USonto ugcine eboshiwe ngenkohlakalo yakhe. √/
- UMthofi noToronto bagcine ngokuboshwa ngamacala abawenza. √/
- Amaqiniso wonke avela obala. √/
- USonto waxoxela uMaMkhize ngakho konke akwenza empilweni yakhe.

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

5.15. Ubugebengu. √
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- USonto wathenga abantu ukuba babulale uMaNtuli ngoba efuna ukushada noMbhele. √/
- USonto wabulala uMfundisi. √/
- Wabulalisa uMbhele. √ (2)

5.16. Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- UNhleko nguye umseshi ophethe amacala kaSonto kulo mdlalo. √/
- Usebenzisa ubuhlakani ukubuza imibuzo kofakazi. √/
- Ukuba uNhleko wayengekho, izigemegeme zikaSonto zazingeke zize zivele obala. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

5.17. Inkinga yommeleli (uSonto) ayixazululekanga ngendlela ayesezame ngayo ukuyixazulula, kunalokho wakhalelwa ngamasongo kaSigonyela / waboshwa. √√ (2)

5.18 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Imali iyasetshenzelwa, awuhaleli ifa labanye abantu. √/
- Akusiwona umbono omuhle ukuthandana nendoda eganiwe. √/
- Kuyasiza ukuba neqiniso, ukuba wamkhokhela uMthofi ngabe akazitholanga esezinkingeni eziningi. √/
- Umuntu onengane uhamba ngobuqotho khona ezokwazi ukuba yisibonelo esihle enganeni. √/
- Igazi lomuntu liyakhuluma ngakho-ke uma ubulala abantu ugcina ngokubanjwa uvalelwe ejele. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

5.19 Imibono iyokwehluka:
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
**Abayothi bangakujabulela bayothi:**
- Ngingakujabulela ngoba ngingathola imali ngaphandle kokusebenza kanzima. √/
- Ngingakujabulela ngoba ngingahlonipheka emphakathini. √/
- Ngingaba nomuzi omuhle kanye nampahla kanokusho. √/
- Izingane zami zingafunda ezikoleni ezixube izinhlanga. √/
- Ngingahambela izindawo ezisezingeni eliphezulu. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.)

Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
**Abayothi ngeke bakujabulele bayothi:**

- Impilo yomuntu ongusomabhizinisi ihlale isengcupheni ngenxa yezimfamona. √/
- Abanye osomabhizinisi abathembekile emishadweni yabo. √/
- Kungenzeka kuvuke umbango wezimali ngaphakathi emndenini bese uzithola ususenkingeni yokuhlaselwa. √/
- Abanye osomabhizinisi bathwala ngokubulala abantu ngakho-ke ngeke ngikuthokozele ukuhlala nombulali. √/
- Kungenzeka usomabhizinisi angakubhali encwadini yefa. Lokhu kungakushiya nezinkinga zezimali uma eseshonile umyeni wakho. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)
**[35]**

**NOMA**

**UMBUZO 6: *ISIKO NELUNGELO* – N. Zulu**

**ISIQESHANA K**

6.1 Amagama AMABILI kwalandelayo:

- UThabi√/
- UDumisani√/
- UThenjiwe/umalokazane √/
- USikhumbuzo√ (2)

6.2 Ukuthi abizelwe uzalo luzokhuluma naye lumchazele yonke into. √√ (2)

6.3 Izizathu EZIMBILI kwezilandelayo:

- Lolu daba ludinga umuntu onomqondo osuvuthiwe kanti uDumisani akakabi nawo umqondo ovuthiwe. √/
- Akamethembi uDumisani ngoba useyingane. √/
- UDumisani njengomuntu omusha angathanda ukuzikhethela umuntu azoshada naye. √/
- Akazi ukuthi uDumisani uyoyithanda yini le ngane yabantu. √ (2)

6.4 USipho. √ (1)

6.5 OKUKODWA kwalokhu:

- UThenjiwe wayekwazi ukuthunga. √√/
- Siyezwa uMaMbatha emcela ukuthi amfundise ukuthunga. √√ (2)

6.6 B/Umuntu akabuze uma engazi√ (1)

6.7 Asazi-ke kuyozanywa. √√ / Akusiyo into yokuthathwa ngamawala. √√ (2)

6.8 Isizathu ESISODWA kwezilandelayo:

- UZungu wabamukela kahle oThenjiwe noNondumiso emzini wakhe, wathembisa ukulucubungula udaba lokungenwa emva kokuzwa uNondumiso ekhulumela udadewabo. √√/
- Wathi akathandi uThenjiwe aphatheke kabi emva kokushonelwa. √√/
- Ngesikhathi uMaMbatha ekhuluma naye ethetha, wancenga umkakhe ukuthi ehlise umoya. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

6.9 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Isicelo sabazali sadala ukungezwani phakathi kukaThenjiwe nabantu bakwaZungu, okwaholela ezehlakalweni zodlame/ukungezwani. √/
- UThenjiwe waliqinisa kakhulu ikhanda waze waphindela kubo ngaphandle kwemvume yabakwaZungu. √/
- Kwaxabana uMaMbatha kanye noNondumiso owayelwela ilungelo likaThenjiwe lokuzikhethela ngokumele akwenze ngempilo yakhe. √/
- Ubaba kaNondumiso wamtshela ukuthi angaphinde alubeke kwaMondise. √/
- UThenjiwe wazama ukudlisa uDumisani uphoyizeni. √/
- UMaMbatha waxabana noMaNzuza owayezwelana noThenjiwe. √/

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

6.10 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Siyamthola umlingiswa omkhulu esingenisweni sendaba, uThenjiwe. √/
- Siyayithola nenkinga abhekene nayo yokuphoqwa ngumndeni wakwaZungu ngesicelo sokuthi avume ukungenwa nguDumisani. √/
- Isimo senhlalo siyavela, sibi. Indaba iqala uThenjiwe ebalisa ngokushonelwa ngumyeni wakhe. √/
- Isizinda sesikhathi siyavela. Le ndaba yenzeka esikhathini samanje lapho sekufa khona abantu ngenxa yodlame. √ (2)

6.11 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
Imibono iyokwehluka.
**Abavumayo bayothi: Lilungile ngoba …**

- Livimbela ukuhlupheka ezinganeni ezazishonelwe nguyise. √/
- Umfelokazi uba nomuntu omela izindaba zomuzi wakhe. √/
- Uma umufi engakabi nabo abantwana, umfowabo uyakwazi ukumzalela izingane. √/
- Umfelokazi uthola izingane zalowo mndeni kunokuthi ahambe ethola izingane yonke indawo le. √/
- Kuvimbela nokuhlakazeka komndeni, umfelokazi ahlale nezingane zakhe emndenini ayeganele kuwo. √/
- Kuvimbela nokubuyiselwa emuva kwelobolo ngoba abakamakoti hleze bangabe besakwazi ukulibuyisela. √

**Abaphikayo bayothi: Alilungile ngoba …**

- Uma umufi engumnumzane odla kahle, umkakhe angaqhubeka akhulise izingane ngaphandle kokudinga usizo lwenye indoda. √/
- Kubuhlungu ukuthi umuntu wesifazane athathelwe izinqumo okungenzeka ukuthi azihambisani naye. √/
- Umfelokazi angahlala angatholi izingane uma kungukuthi akasiboni isidingo. √/
- Ilungelo lomfelokazi liyanyathelwa, nelezingane zakhe uma esenazo, ngoba kungenzeka ukuthi azithandi ukubona omunye umuntu wesilisa endlini kayise. √/
- Ukusaba ukubuyisela ilobolo kuwukucabangela umukhwe kuphela, kanti naye umfelokazi unalo ilungelo lokuzikhethela. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

**KANYE**

## ISIQESHANA L

6.12 UZungu wayesho isenzo sabo sokucabanga ngesiko kodwa bangabheki ukuthi uThenjiwe unalo yini uthando lukaDumisani. √ (1)

6.13 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Wathi akamthandi uDumisani. √√/
- Waphatheka kabuhlungu kakhulu eshonelwe ngumyeni wakhe waze waphelelwa uthando lomuntu wesilisa. √√/
- Wathi abantu bayocabanga ukuthi wayevele emthanda uDumisani esaphila uSkhumbuzo. √√ (2)

6.14 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Inkinga yomlingiswa oqavile ayixazululekanga ngendlela ayengayicabanga ngoba wagcina evumile ukungenwa uDumisani. √/
- Imindeni yaba nokuthelelana amanzi. √/
- Lokhu kwenza ukuthi isiphetho sendaba sivaleke. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

6.15 Isiko nelungelo. √
Umbhali ukwazile ukusivezela indikimba yakhe ngokusebenzisa ukushonelwa kukaThenjiwe bese abasemzini wakhe bemcela ukuthi avume ukungenwa nguDumisani, okwakunyathela ilungelo likaThenjiwe lokuzikhethela. √
(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

6.16 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- UThabi nguyena owaqala ukuhlokoza indaba yokungenwa kukaThenjiwe.√/
- UThabi wasindisa impilo kaDumisani ngesikhathi ebona uThenjiwe emfakela ushevu etiyeni. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

6.17 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Inkinga yommeleli (uThenjiwe) ayixazululekanga ngoba waphoqelelwa ukuthi ashade noDumisani. √√/
- Ilungelelo lakhe lokushada nomuntu amthandayo alihlonishwanga. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

6.18 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Ngangingameluleka ngokuthi sesiphila esikhathini samalungelo lapho wonke umuntu enamalungelo okumele ahlonishwe. √/
- Idokwe lidliwa inhliziyo, umuntu akakhethelwa ukuthi kumele athande bani. √/
- Sekunezifo eziningi esikhathini samanje ngakho-ke abanye abantu besifazane ngeke bavume ukungenwa besaba ukuthi bazothola izifo. √/
- Kumele ahloniphe uThenjiwe yize emncane kunaye, isiko likhuthaza ukuthi omncane ahloniphe omdala kanti nomdala kumele ahloniphe omncane. √/
- Isiko lokungena aliphoqelelwa kodwa kumele umuntu alilandele ngokuthanda kwakhe. √ (2)

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.)

6.19 Imibono iyokwehlukana.
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
**Abathi Bangakujabulela bayothi …**
- Umfowabo kamyeni wakhe uyigazi lomyeni wakhe ngakho-ke angakwazi ukumnakekela njengoba kwakwenza umfowabo. √/
- Impilo ingaba lula futhi angamemukela kalula umuntu amaziyo oyisihlobo segazi. √/
- Kungaba khona ukuthula nokuzwana emndenini. √/
- Isibongo sekhaya ngeke sishintshe ngoba ubaba omncane/omdala uzobe enesifanayo nesomyeni wakhe. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.)

**Abathi Ngeke bakujabulele bayothi …**

- Umfowabo womyeni wakhe ngeke abe nothando lwezingane ngoba kungenzeka ukuthi naye unezakhe izingane. √/
- Lo omngenile angathatha ifa elashiywa ngumyeni wakhe bese izingane zakhe zisale zincela isithupha. √/
- Ziningi izigameko lapho omakoti abangeniwe behlukunyezwa abantu besilisa abangamalunga omndeni. √/
- Kungasuka umsindo uma ubaba omncane/omdala enonkosikazi wakhe, lokhu kungadala ukuthi abe nesikhwele bese kuyaxatshanwa emndenini. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.) (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 35**

## ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFISHANE

## *IZINYEMBEZI ZOTHANDO* – DBZ Ntuli (Umhleli)

## UMBUZO 7

7.1 **'UMUNWE' – S. Zimema**

**ISIQESHANA M**

7.1.1 UZodwa.√ (1)

7.1.2 'washo esukuma, engishiya netafula, nezitsha ezingcolile'. √ (1)

7.1.3 OKUKODWA kwalokhu okulandelayo:
- Yingoba uhlale ufakwe indandatho yomshado. √√/
- Yingoba wayekhiphe indandatho yomshado. √√ (2)

7.1.4 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Wayesekhathele ukuhlala endaweni eyodwa. √
- Sebemazi bonke abantu, sekuyisicefe nje. √
- Wathola isikhundla esithe xaxa kunalesi ayekusona.√ (2)

7.1.5 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Wayesola ukuthi uyiqhikiza, uzobuqeda ubuqhikiza bakhe. √/
- Wayethi unekhanda eliqinile, yena uzolithambisa. √/
- Wayesola ukuthi ungumzalwane ngenxa yendlela akhuluma ngayo. √ (2)

7.1.6 Lawa magama asho ukwenza into enobungozi, engakufaka enkingeni. √√
(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

7.1.7
- Wayezibuza eziphendula ukuthi umunwe wakhe uhlanganaphi nento akade beyikhuluma. √/
- Wayezibuza eziphendula ukuthi kungani uZodwa ethi akabheke umunwe wakhe.√ (2)

7.1.8 Uvuthondaba kule ndaba siluthola ngesikhathi uZodwa esetshela lo wesilisa ukuthi uyambona ukuthi ushadile njengoba enesikhumba esikhanyayo emnweni wendandatho. √√ (2)

7.1.9 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Owesilisa wayezitshela ukuthi uZodwa uzomqoma njengoba ayesho ukuthi wayenezintombi eziningi lapho ayesebenza khona. √/
- Wayengacabangi ukuthi uZodwa uzobona ukuthi ushadile, njengoba yena ayefihlile. √/
- Wayenganakile ukuthi uZodwa uzoqaphelisisa umunwe ohlala indandatho ukuthi uyakhanya. √/

- Wayengalindele ukuthi kusekhona intombazane enesimilo, engathandani nomuntu oshadelwe, ngoba yena wayesejwayele ukuqonywa nakuba eshadile. √

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

7.1.10 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Indandatho iwuphawu lwesethembiso esihambisana nezifungo zomshado. √/
- Indandatho isho ukuthi labo abashadile bayokwethembeka emshadweni wabo. √/
- Kungase kwenzeke nokuthi ilahleke. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA N**

7.2 **'INGODUSO' – S. Bhengu**

7.2.1 OKUKODWA kwalokhu:

- Wayefuna ukuqedela ukulobola uNokwazi.√/
- Wayefuna ukuthengela umndeni wakhe umuzi edolobheni. √/
- Wayefuna ukushesha ashade. √ (1)

7.2.2 Iminyaka emibili. √ (1)

7.2.3 Isibhamu. √ (1)

7.2.4 Wayefuna ukumchazela ukuthi wayenyamalele nje ngoba wayekade eboshiwe.√√ (2)

7.2.5 Wathi lapho esephuma emva kokuntshontsha imali efemini onogada bambona, wagcina ngokubanjwa. √√ (2)

7.2.6 Le ndaba yenzeka endaweni yasemakhaya.√
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Indawo ahamba kuyona uSipho eyasemakhaya ngoba akukhanyi kahle ogesi emgwaqweni. √/
- Kuhanjwa indawo ende ngezinyawo. √/
- Aziziningi izimoto ezihambayo kule ndawo ikakhulukazi ebusuku.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

7.2.7 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
Isifundo esitholakala kule ndaba emfushane esokuthi:

- Akulungile ukulobola ungenayo imali eyanele yokuqedela ilobolo ngoba ungazithola usungene esilingweni sokweba. √/
- Ubugebengu benza ukuba umuntu agcine elahlekelwe yikho konke anakho, uSipho ugcina engasenayo ingoduso ngenxa yokuboshelwa ubugebengu. √/
- Akwamukelekile ukunyamalala bese ungayenzi imizamo yokuxhumana nengoduso yakho noma nalabo abangayitshela ukuthi ukuphi futhi uvelelwe yini. √/
- Uma umuntu eshone enenkinga engaxazululiwe akakutholi ukuphumula.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

7.2.8 Le ndaba iqoqekile ngokwesikhathi ngoba yenzeka ngosuku olulodwa. √√ (2)

7.2.9 Imibono iyokwehluka:
**Abathi bayakholelwa bayothi ...**
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Ngiyakholelwa ukuthi izipoki zikhona, abantu abaningi ngeke bakhulume into eyodwa engamanga. √√/
- Ngiyakholelwa ukuthi abantu abashona kunezinkinga ezingaxazululwanga besaphila bayabuya sebeyimimoya befuna ukuxazulula leyo nkinga ukuze bathole ukuphumula. √√/
- Abelaphi bendabuko kanye nabathandazi kuyenzeka ukuthi babizwe imindeni ukuze bazovala umoya womuntu osewahamba emhlabeni. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi)

**Abathi abakholelwa bayothi ...**
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Umuntu uma esehambile emhlabeni akukholakali ukuthi angabuyela khona ezolungisa izinkinga. √√/
- Uma umuntu eseshonile umphefumulo wakhe awube usaba nesabelo emhlabeni. √√/
- Abantu abangamaKrestu abakholelwa kule nto yezipoki ngoba iBhayibheli lisitshela ukuthi uma umuntu eseshonile uya eZulwini/eSihogweni. Akukho lapho sithola khona ukuthi umuntu ubuyela emhlabeni ayolungisa amaphutha akhe. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

7.2.10 Izimpendulo ziyokwehluka:
**Yebo ngiyazwelana ngoba ...**

- Ukuzithola usuhlezi phezu kwethuna akuyona into emnandi, isimo esethusayo nesihlasimulisa umzimba. √/
- Ukungabibikho kwezinto zokuhamba eziningi endaweni yakubo kaNokwazi kwamenza wafika ebusuku, wathola izinkinga endleleni.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi)

**NOMA**

**Cha angizwelani ngoba ...**
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Wakhombisa ukungethembeki ngesikhathi entshontsha imali lapho ayesebenza khona. √/
- Kwakungafanele avumele ukuthi izinkinga zakhe zimfake esilingweni sokuntshontsha. √/
- USipho wayesencokolisa kahle le ntokazi ahlangana nayo ebusuku engaboni ukuthi uNokwazi, lokhu kukhomba ukuthi kwakungenzeka azibike kuyo. √/
- Wayenenhliziyo encane lungafakwa lubuya nodaka, ngakho-ke kwakungenzeka ukuthi agcine esehlukumeza uNokwazi engaqondile ngenxa yolaka. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 35**

## ISIQEPHU D: IZINKONDLO

***AMAHLOKOHLOKO/IZINKWAZI ZOTHUKELA* – EJ Mhlanga no JJ Thwala**

## UMBUZO 8

8.1 **Phansi – LMMS Madondo**

8.1.1 Umhlaba.√/ Impilo√ (1)

8.1.2
- Kufanele awuhloniphe. √
- Kufanele awukhonze. √ (2)

8.1.3 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Imbongi ithi ukuziqhenya nokuziphakamisa/ukuzithwala komuntu kugcina kuphelile. √/
- Imbongi ithi ukuzikhukhumeza kwenza umuntu agcine ejezisiwe ukuze afunde isifundo sokuthi kubalulekile ukuzehlisa. √/
- Abaziphakamisayo bayathotshiswa bazithole sebebhuquza phansi. √ (2)

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi)

8.1.4 Imigqa EMIBILI kwelandelayo:
- Lunye kuwo uhambo√/
- Impinda ayikho √/
- Sinye kuwo isikhathi (2)
- Sifushane asenele√

8.1.5 Abashayela. √√/ abahambela √√ (2)

8.1.6 B/Limthathe ngokushesha. √ (1)

8.1.7
- Isimo imbongi eyayikuso esokubalisa nokukhathazeka ngendlela abantu abazikhukhumeza ngayo. √
- Imigqa emininingi mide inamagama amade. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

8.1.8 Impendulo EYODWA kwezilandelayo:
- Osemuva limshwibe <u>shwi</u> limbeke phambili. √√/
- Bawe <u>bhu</u> bahuhuluze okwamahobosha √√/
- Omahlalothini abantengenyekayo <u>ntengentenge</u>. √√ (2)

8.1.9 Impendulo EYODWA kwezilandelayo:
- Bawe bhu bahuhuluze <u>okwamahobosha</u> √√/
- Ngentobeko yobuphansi <u>okwezintuthwane</u> √√ (2)

8.1.10 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Kubalulekile ngoba umuntu uphila kanye emhlabeni, kufanele enze izenzo ezinhle ngoba angase angalitholi ithuba lesibili lokulungisa amaphutha akhe. √/
- Abantu abaziphakamisayo babukele abanye abantu phansi bavamise ukushaywa umhlaba. √/
- Umhlaba uyabaphakamisa abazithobile bese wehlisa laba abazikhukhumezayo. √/
- Ukuzithoba kuwuphawu lokuba nobuntu. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

**KANYE**

8.2 **Ngiyogiya Ngiqephuze – NL Luthuli**

8.2.1 Impendulo EYODWA kwezilandelayo:

- Imbongi ngoba ikhuluma ngento eyoyenza mhla yaphumelela kulokho ekwenzayo manje. √√/
- Umbhali wenkondlo ongu N.L. Luthuli futhi oyimbongi ofisa ukuba aze agiye aqephuze mhla waphumelela. √√/
- Umuntu onguMshibe futhi onezifiso zokuba aphumelele ngelinye ilanga. Uyasho ukuthi uyogiya aqephuze mhla waphumelela. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

8.2.2 Iziqu zemfundo.√ (1)

8.2.3 Unguthisha√/ Uyafundisa. √ (1)

8.2.4 Iyasho imbongi ukuthi izophumelela ukufeza ezeminyaka izifiso.√√ (2)

8.2.5 **<u>Ng</u>**iyogiya **<u>ng</u>**iqephuze. √√/
**<u>Ng</u>**igiye **<u>ng</u>**iqephuze **<u>ng</u>**iqekethe izindaba √√

**NOMA**

Ngigiye ngi**<u>q</u>**ephuze ngi**<u>q</u>**ekethe izindaba√√

(2)

8.2.6 Besho bempongoloza ngamaphimbo emizwili**<u>li</u>**√
Usho mfoka Shandu ukuthi le**<u>li</u>**√ (2)

8.2.7 Umoya wenkondlo owokujabula√

- Imbongi iyokujabulela ukuthi nayo iyozuza iziqu zemfundo. √
- Imbongi ithi inethemba lokuthi ziyobe sezifezekile izifiso zayo, iyojatshuliswa nawukuthi iyobe isikhuluma amagama angakhulunywa noma ubani. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (3)

8.2.8 Imbongi isebenzise ulimi olunothile/ olujulile.√
Incoma abantu abafundile kunayo, abakwazile ukuthi bayakhe/ bayicije olwazini abanalo.√ (2)

8.2.9 Yebo ngiyavumelana ngoba:
Uzibiza ngebhobhodleyana, igama ibhobhodleyana lisebenza kubantu besilisa√√ (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU D: 35**
**AMAMAKI ESEWONKE: 70**